



Usuku Lomhlaba



Wonke Lokufunda Kuzwakale



noNal'ibali



Izindaba zinamandla! Indaba ethi, *Umzuzu wokugcina*, ibhalwe umbhali osezuze imiklomo eminingi, uZukiswa Wanner, imidwebo yakhona yadwetshwa umdwebi wamakhathuni owaziyo waseNingizimu Afrika, uRico. Yifundele izingane ezisempilweni yakho ngalolu Suku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale, mhla lu-1 kuNhlolanja ngowezi-2018.



Imisebenzi emi-5 yoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale

1. Funda indaba ethi, *Umzuzu wokugcina*, ekhasini lesi-2 nelesi-3 ufundele izingane zakho nabanye. Zijwayeze ukuyifunda kuzwakale izikhathi ezimbalwa ngaphambi kokuyifundela izingane futhi ukhumbule ukudlala ngezwi ngenkathi ufunda.
2. Ngaphambi kokufunda indaba, buza izingane ukuthi zake zalidlala yini ibhola lezinyawo ngaphambilini, zake zaya yini ukuyobukela lidlalwa bukhoma ibhola lezinyawo noma zalibukela kumabonakude. Zikhuthaze ukuba zikuxoxele ukuthi zezwa kunjani.
3. Emva kokufunda indaba, khuthaza izingane zakho ukuba ziyihumushe ngokuzicela zidwebe noma zipende isithombe sengxenywe yayo eyintandokazi kuzo.
4. Hlela Ukuhlangana-Ngendaba-Ekuseni (*Meet-a-Story-Morning*) ngoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale noma ngempelasonto. Memama izingane ukuba zihambele lokhu nabazali bazo. Zethulele zonke izincwadi ozaziyo ukuthi ziyizindaba okumnandi ukuzifunda uphimisele ngokuzifundela kulezi zincwadi.
5. Yenza awakho amaphosta oSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale ngowezi-2018 ukuze uqwashise ngokubaluleka kwalolu suku. Ngokusizana nezingane, sika izinhlamvu zamagama nezithombe kumaphephabhuku nasemaphephandabeni, dweba izithombe, bhala awakho amagama nemisho, usebenzise izithombe ezikusizindalwazi sikaNal'ibali (qonda ku-"Story supplies" lapha: www.nalibali.org). Zakhele ezakho iziqubulo, noma usebenzise esethu – Yabelana ngendaba namuhla!



Inzuzo eyi-8 yokufunda kuzwakale

Ukufundela kuzwakale izingane zakho:

- kuzikhombisa ukubaluleka kwezincwadi kanye nokufunda.
- kuninikeza izinto eningaxoxa ngazo ndawonye.
- kwakha ukuxhumana phakathi kwenu.
- kuzivumela ukuthi zizizwele ukuthi ukufunda kuwumsebenzi owenelisayo.
- kuzikhuthaza ukuthi zifunde ukuzifundela, nokuthi ziqhubeke nokufunda.
- kuzikhombisa ukuthi sifunda kanjani nokuthi zisebenza kanjani izincwadi.
- kuzivumela ukuthi zithokozele izindaba ezingaphezu kwezinga lazo lokwazi ukufunda lamanje.
- kuthuthukisa amagama eziwaziyo kanye nokwazi ulimi.



Ukubamba iqhaza

Yana ku-www.nalibali.org noma www.nalibali.mobi ukuze ubhalisele umndeni wakho, ithimba lakho lokufunda noma isikole sakho umcimbi omkhulu kunayo yonke eNingizimu Afrika woSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale!

Umzuzu wokugcina

Indaba kaZukiswa Wanner

Imidwebo yenziwe uRico

Ihunyushwe nguDumisani Sibiya

“Ngizofaka amagoli amabili namuhla, Baba,” kwasho uNeo ngenkathi egqoka amakhokho akhe ebhola.

“Futhi mina ngizosiza ngokwengeza amagoli amathathu kulokho, Malume,” kwasho uPriya owayesanda kufika nje ekhaya kubo kaNeo nomfowabo omncane, uRahul. URahul wayephethe ivuvuzela yakhe ebomvu ngokukhanyayo.


Uyise kaNeo wahleka. “Kulungile, sengikulindele ukushaya ihlombe kuze kube kahlanu-ke!”

“Nami futhi, Malume! Ngingakwazi ukushaya ihlombe?” kubuza uRahul.

“Nakanjani, mfana wami,” kwasho ubaba kaNeo ngenkathi esiza uMbali ukuthi agqoke izicathulo zakhe. Manje-ke, masihambeni!”

Bonke bangena emotweni. UNeo wahlala ngaphambili. Usehlale lapho izikhathi eziningi ngaphambilini. Wayenesiqiniseko sokuthi ukuba uyise wayengamvumela, uma nje imilenze yakhe seyimide ngokwanele, wayezokwazi ukushayela imoto. Kwakubukeka kulula nje. URahul noPriya bahlala ngemuva bakaka uMbali. Bamkitaza, naye elokhu egigitheka.


Akubanga sikhathi esingakanani, base besenkundleni yezemidlalo. Babefike ngesikhathi lapho uPriya noNeo sebehlngana nabalingani babo abaphuma eqenjini iMaqhawe Football Club ngenkathi sebeviva. Badlala neDiamond Football Club namuhla.



“Khumbula ukuqinisekisa ukuthi niyakugqwalisa ukumenyezela kwaleyo Diamond Football Club ngendlela yokuthi, ngemuva komdlalo kuzomele baguqule igama labo bazibize ngeCoal Football Club,” kwasho umqeqeshi wabo.

Emva kwalokho kwase kuyisikhathi sokuthi abadlali bagijime bangene enkundleni. Unompempe washaya indweba yakhe kwase kuqala umdlalo.

Izinto zaqala zashaya ngolonwabu, kodwa masinyane kwase kushesha. Kwakukhona umsindo omkhulu ngenkathi isihalalisa imindeni yezingane kuwo womabili amaqembu. Ibhola laliba sengxenyeni eyodwa yenkundla isikhashana, kubonakale sengathi bazohamba nalo baye ngakwenye ingxenyeni, omunye walabo badlali aqhamuke alithathe! Umdlalo waqhubeka kanje kwaze kwafika isikhathi sekhefu.



“Anginamdlandla manje! Wethembisile ukuthi uzofaka amagoli,” uRahul etshela uNeo noPriya ngenkathi besondela emgqeni wokuphela kwenkundla.


“Yebo. UMbali ufuna amagoli, uMbali ufuna amagoli,” kuphinda uMbali. “UMbali uyozele,” wengeza, ezamula. UNeo noPriya bavele bahleka bagijima babuyela kubalingani abadlala nabo eqenjini.



Yabelana ngendaba namuhla!

Impempe yakhala abadlali bagijima futhi bayongena enkundleni belungela isiwombe sesibili. Umdlalo waqhubeka ngendlela obekwenzeka ngayo ngesiwombe sokuqala ... kwaze kwafika isikhathi lapho kwase kusele umzuzu owodwa kuphela!

UNeo wayesenebhola. Waqalaza ukuze abone ukuthi kwakungekho muntu weDiamond eduze kwakhe. Cha, wayeyedwa. Wagijima waya phambili, wajika nebhola. Khona manjalo kwaqhamuka umdlali weDiamond Football Club. UNeo wambheka ngqo emehlweni ngenkathi



ekhahlela ibhola liphuma phakathi kwemilenze yomunye umdlali. Izibukeli zachwaza ngentokozo.

Omunye umdlali weDiamond waqonda kuNeo ethi uzomephuca ibhola. Ngokushesha, uNeo wakhahlela ibhola waledlulisela kuPriya.

Wonke umuntu wavele wabamba umoya ngenkathi uPriya ethatha ibhola elikhahlela kakhulu. **LADUMA!** Unozinti weDiamond akazange alibone ngisho liza ibhola! UPriya wayeselishaye phakathi igoli.



Kwaba ngemuva komzuzwana nje. Ngenkathi besathi bajabulela ukungena kwegoli, unompempe wayishaya impempe yakhe! AMaqhawe ayewuphumelele umdlalo!

UNeo wayejabule ngendlela yokuthi wagijima waya kuPriya wafike wamqukula!



Bendawonye bagijima beqonde kubadlali beqembu labo nakumqeqeshi eceleni kwenkundla, bonke bashayanisa izandla. Ngemuva kwalokho uPriya noNeo bagijima baqonda kubaba kaNeo. URahul wayeshaya ivuvuzela yakhe ikhahlela phezulu.

"Ukudlala kanje kumele kubongwe ngo-ayisikhilimu, Priya noNeo," kusho ubaba kaNeo. "Amaqhawe ethu angawuthanda kodwa?"

"Yebo! Singawuthokozela u-ayisikhilimu," uMbali wabaphendulela. Bahleka bonke.

UNeo waqukula uMbali wahamba naye ngenkathi beyothenga u-ayisikhilimu. Noma engazange ashaye amagoli amabili ayefuna ukuwashaya, kodwa wayemsizile umngani wakhe omkhulu ukuthi ashaye igoli lokuphumelela umdlalo! UPriya yena-ke? Wayejabule ngoba kwakuyigoli lakhe lokuqala ngqa ukulishayela aMaqhawe. Umsindo wevuvuzela kaRahul wawufana nomculo omnandi odlalelwa yena nje kuphela.





Yenza ibheji!

1. Sika ulandele umugqa obomvu onamachashazi ukuze usike ukhiphe ibheji.
2. Hlobisa isithombe ngombala.
3. Sika indingilizi ewubukhulu obufanayo nobebheji ekhalibhothini eliwugqinsi; isibonelo, ibhokisi lamasiriyeli.
4. Sebenzisa iglu ukuze unamathisele ibheji ekhalibhothini.
5. Sebenzisa ithephu enamathelayo noma embozayo ukuze unamathisele isipeletu ngemuva kwebheji. Noma uvule imbobo phezulu bese ushutheka umucu wewuli noma wentambo ukuze ukwazi ukuligaxa entanyeni yakho.
6. Thokozela ukugqoka ibheji lakho ngesikhathi ufunda futhi ulalele nezindaba ngoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale.

Sithumelele izithombe zezingane zakho zifake amabheji azo oSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale. Wathumele nge-imeyili ku-info@nalibali.org noma wabelane ngazo ekhasini lethu leFacebook!



Okumayelana noNal'ibali

UNal'ibali (igama lesiXhosa elichaza ukuthi "nans' indaba") umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa. Uhlose ukokhela inhlansi uhlanganise nesiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana, ukuze ukufunda, ukubhala nokwabelana ngezindaba – ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika – kube yingxenye yempilo yansuku zonke.



Izingane ezizungezwe okubhaliwe nezithola izindaba ezimnandi nezixoxwe ngezilimi eziziqondayo, ziba nentshisekelo enkulu, zibe nokuzethemba nokukhuthazeka ukuthi zizifundele. Makhulu amathuba okuba nazo zithande ukufunda, futhi

ziqhube kahle kuzo zonke izifundo. Izindaba zandisa amagama aziwayo, ziqinisa nekhono lokukhumbula ziphinde zondle ukucabanga nokujubalala kwezindlela zokucabanga kwezingane.

Kusukela ngonyaka wezi-2012, uNal'ibali usebenze neminyango eminingi, izinhlango zomphakathi nabezamabhizinisi ukuqinisekisa ukuthi zonke izingane zaseNingizimu Afrika ziba nethuba lokuthanda izincwadi nezindaba. Abalingani bethu abasize ukusungula lo mkhankaso babandakanya: abe-DG Murry Trust, i-PRAESA (Project for the Study of Alternative Education in South Africa) abe-Tiso Blackstar (ngaphambilini abebaziwa nge-Times Media). Ngokumeleleka, ukuqeqeshwa nezinsiza zokufunda zeqophelo eliphezulu, uNal'ibali usiza ukondla abafundi besizwe.

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. **Sithinte ngokushayela** isikhungo sethu sezingcingo kule nombolo: **02 11 80 40 80**, noma enye yalezi zindlela: